# BT NEWS

IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

www.btnews.co.za • 30 June 2023



COMBO from R500 - R1500

MEME CREATIONS

SINGLE from R200 - R400








# Izocula elesizwe Indlovu Youth Choir kwiHollywoodbets Durban July

*(Kuzoba yingqophamlando yosuku)*

**Thobile Blose**

IQEMBU lomculo elibizwa Indlovu Youth Choir elihlonishwa emhlabeni jikelele, libalwa nabazonandisa kwiHollywoodbets Durban July eseGreyville Racecourse eThekwini ngoNtulikazi 1 (July)

Abadidiyeli nabagqugquzeli beHollywoodbets Durban July okungumjaho wamahhashi omkhulukazi e-Afrika, bajatshuliswe wukuthi le kwaya edlisa ngamanoni avusa amadlingozi abuye athathe nemizwa yabaningi, izocula iculo lesizwe.

Balibeke ngembaba elokuthi ukuzibandakanya nale likwaya lentsha kuzoqhubeka nokubeka izinga lalo mjaho wabo ezingeni eliphezulu njengalo, liwenze owehlukile kwesike yabakhona phambilini.

Akubuzwa ukuthi iHollywoodbets Durban July edume ngokudidiyela imfashini, ezokuzijabulisa nemijaho yamahhashi, isazoqhubeka nokuheha izinkulungwane zabantu abavela ezweni lonke,

Ingqikithi yayo ethi "Okungasoze Kwalibaleka - "Out of This World" izofakazelwa yimizwilili yamazwi abaculi bale likwaya eliqhamuka edolobhaneni laseLimpopo, kweelizakhele ugazi emncintiswaneni i-America's Got Talent.

Emva kwalo mncintiswano Indlovu Youth Choir iwole inqwaba yabalandeli ngemidlalo eyakhayo nekhombisa amandla nokuyenze yaba ngamanxusa aseNingizimu Afrika asabalalisa ubumbano nethemba kwabaningi.

Udaba luqhubeka ekhasini 2



I-Ndlovu Youth Choir isime ngomumo ukunandisa kwi-Hollywoodbets Durban July.


Umlazi Township Tourism

Let's grow our economy together

UMlazi Flea Market

Date: 29 July 2023

Time: 10h00 am

Venue: Umlazi-Kwamnyandu Light Industrial Hub

Let's Trade Together:

- Food, Braai Meats, Baked Treats,
- Fashion, Beauty Spa, Books, Cleaning Services
- Music, DJ'S & Competitions



Book Your Space Now 078 505 6215 • admin@umlazicto.co.za

AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

**Abasebenzi**

| Editor | Journalists | Sales Manager |
| --- | --- | --- |
| Nash Ngcobo | Sibonelo Mhlongo | Jolie Radebe |
| 083 301 0869 | 063 381 0990 | 078 661 3320 |
| btnewsinfo@gmail.com | btnewsbookings@gmail.com | sales@btnews.co.za |

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

Udaba lusuka ekhasini 1

## Izocula elesizwe Indlovu Youth Choir kwiHollywoodbets Durban July

UStephen Marshall, oyi-Gold Circle's Marketing and Event Executive ujabule kakhulu futhi uyaziqhenya ngokua naleli kwaya kulo mjaho walo nyaka.

"Izofaka ugqozi kubantu abaningi baseNingizimu Afrika ngokunandisa bukhoma kulo mjaho omkhulukazi e-Afrika, nokuzokwenza lomcimbi ingqophamlando, ungaphuthelwa," kusho uMarshall.

U-Devin Heffer, i-Hollywoodbets Brand and Communications Manager ukujabulele ngokwedlulele futhi wazwakalisa ziqhenya ngokubelwa kweNingizimu Afrika ebalazweni lomhlaba.

"IHollywoodbets Durban July 2023, izophinda ihlinzeke ngenkundla yokukhombisa ngamagugu acebile akuleli, okubalwa imfashini nokuzijabulisa, okuzokwenzeka ngelanga lalo wamahhashi," kusho uHeffer.

Ukwengezwa kwale likwaya kulo mcimbi kufakazela ukubekwa kwalo mcimbi nokuzibophezela kwabo kule ngqayizivele kwabazowuhambela ngaphansi kwengqikithi ethi "Out Of This World".

Okhulumela iNdlovu Youth Choir (ubani lowo? uthe bahlonipheke ngokuba yingxenye yalomcimbi oyingqophamlando kubona.

"IHollywoodbets Durban July wumcimbi ongene shi emlandweni futhi uhlanganisa abantu baseNingizimu Afrika eqoqweni elimangalisayo lemfashini,.

"Ukugqama kwemibala enhlobonhlobo kanjalo nemijaho yamahhashi. Kuzoba wusuku oluzohlala lukhumbuleka futhi esizoziqhenya ngalo," kusho yena.

I-Ndlovu Youth Choir, eyaziwa ngenhlanganisela yengqayizivele yesigqi sase-Afrika, exube umculo onhlobonhlobo wakuleli okubalwa i-pop, i-rock,i-jazz, ne-EDM, ithembisa umdlalo ongasoze ozoshiya izethameli zibambe ongezansi.

Ukuvumelana kwabo ngomculo oguquguqukayo nokujabulisa ngamakhonsathi, konke kusuka ezinhliziyweni ezithole udumo ezindawenin ezahlukene emhlabeni.



Abeqembu le Afrosoul kanye noKhuzani Mpungose estaji ePlayhouse ngempelasonto: Isithombe sithunyelwe

# Bebefuna impinda kwikhonsathi yeAfrosoul

**Sabelo Ngema**

Abalandeli beqembu Le Afrosoul abawuvali umlomo ngabakubonile ngenkathi leliqembu licula bukhoma kwikhonsathi ePlayhouse EThekwini libungaza iminyaka engama 20 lisendimeni yomculo.

Wonke umuntu obehambele lomcimbi usukume wama ngezinyawo sekudlala ingoma ethi Mgqibelo, nethi uSemncane, namanye amanoni amaningi.

Kwenye yezingoba ehambisana nezinkakha okubalwa umculi kaMaskandi uKhuzani Mpungose, Zulu Boy, kanye nabafundi abadala basikole sobuciko esiphethwe ilona leliqembu Afrosoul esibizwa ngokuthi Ikabawo Academy nesizinze khona eThekwini.

Khona lapho baphinde babiza esteji inqalabutho uDokotela Mbongeni Ngema we Committed Artist wasibusisa ngengoma yakhe eyashisa izikhotha kudala ethi Stimela sazeZola ehambisana nabadansi bakhe okuthe ngokuhamba kwekhonsathi ngasekugcineni waphinde wabongwa ilona leliqembu ngokubakhulisa kulomkhakha weze bekwazi ukuzimela.

Leliqembu lakhiwe uSabelo Ngema waseNhlwathi, uSergeant Malishe ongasekho emhlabeni wase Mlazi kanye noThandeka Zulu waso Thongathi.

Amathikithi asheshe aphela ukudayisa ezitolo ngenxa yesasasa lawo. Osaziwayo abahlukene, osomabhizinisi abahlukene, Izintatheli kanye nabasakazi bekuphunywe ngezinkani ukuzozibonela umsebenzi omuhle owenziwe ileliqembu emnyakeni edlule.

Ngasekugcineni babonge abaphathi nabasebenzi basePlayhouse ngokubavulela nokubanika ithuba baphinde babonga wonke umuntu othenge ithikithi ngoba bebengenalo uxhaso.

UThandeka Zulu ubeke kanje "Sithanda ukubonga bonke abafikile ngoba yini enenze lomcimbi ubeyimpumelelo ngokuthenga amathikithi. USabelo ngamvalela ekhoneni ngathi asibeke imali ukuze senze lomcimbi ubeyimpumelelo, ngibonge nomndeni wami ngokungeseka kukho konke," kusho yena.

Eminye imisebenzi yohambo labo ivezwe kwi screen kwakunjulwa nelunga elingasekho emhlabeni uMalishe.

Bavalise ngengoma ethi uMgqibelo ecelwe ngabathameni bomcimbi ngenkathi besayicula ngesiwombe sokuqala.

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

e-mail: thobileb@btnews.co.za




Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: btnewsinfo@gmail.com

ETHEKWINI MUNICIPALITY
ITheku talks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Abezenkolo baphonse inselelo ngokukhuculula

UMASIPALA uhlanganyele nomkhakha wezenkolo eNanda, eNtuzuma naKwaMashu (INK), emkhankasweni wokukhuculula iClean my City, kuwadi 46, KwaMashu. Lokhu kuyingxenye yemizamo eqhubekayo kaMasipala yokugcina iTheku lihlanzekile nokuqwashisa ngokulahlwa kwemfucuza ngendlela efanele.

UMasipala unezinhlelo ezehlukene imiphakathi engabamba iqhaza kuzona ukuze ifunde ngezindlela ezifanele zokulawula udoti. Ngalezi zinhlelo, uMasipala uhlose ukukhuthaza ukuzibophezela kwezakhamizi ekugcineni izindawo zazo zihlanzekile. Ukugcina izindawo zihlanzekile kubalulekile ezizukulwaneni ezizayo





**Umkhakha wezenkolo wakuMasipala endaweni yaKwaMashu, uhlanganyele noMasipala weTheku, umphakathi nekhansela lakuwadi 46, iKhansela uSihle Mazibuko ukukhuculula umfudlana obugcwele imfucuza. Lo mkhakha uphonsele ezinye izinhlaka inselelo yokuhlonza izindawo abangazikhuculula ngohlelo lwe-Adopt-A-Spot.**

kanjalo nokuthokozela umoya ongenakho ukungcola.

Ngesikhathi kukhucululwa kule ndawo, kuqoqwe inqwaba yemfucuza okuhlanganisa udoti ojwayelekile, izimpahla zokugqoka, imibhede emidala, oplastiki, imikhiqizo ye-polystyrene, namabhodlela eziphuzo. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi abantu abakawulahli ngendlela efanele udoti, okubeka engcupheni impilo yabantu nemvelo. Le nkolelo ethi ukungcolisa kudala amathuba omsebenzi kudicilela phansi isithunzi sezindawo kubeke engcupheni impilo yabantu.

Obhishobhi nabefundisi kulo mkhakha baphonse inselelo kwezinye izinhlaka zezenkolo ukuthi zihlonze izindawo ezizoyihlanza futhi ziyinakekele. Bangakwazi ukuqala imikhankaso yabo yokuhlanza futhi bameme uMasipala ukuthi ufake isandla. Lezo zinhlaka zingaphinde zizibandakanye ohlelweni lwe-Adopt-A-Spot.

Uhlelo lwe-Adopt-A-Spot/ Verge wuhlelo lapho khona izakhamizi zikwazi ukuthi zixhumane noMasipala ukuze zinakekele indawo kaMasipala ngenhloso yokuyigcina ihlanzekile, ngaphandle kokukhokhelwa.

Kuwumsebenzi womphakathi wonkana ukugcina izindawo ohlala kuzo zihlanzekile ngendlela ezingcina amakhaya namagceke awo ehlanzekile.

Ukugcina iDolobha lihlanzekile, kuwumsebenzi wethu sonke.

Ukuze uthole olunye ulwazi shayema kule nombolo: 031 322 0780

ASIBAMBISANE
SIKHUCULULE ITHEKU
REDUCE • REUSE • RECYCLE

# Mawuqhubeke umkhankaso wokuqedwa kwengculaza

*(Intsha mayivikele kusasa layo)*


**Nash Ngcobo**

UMASIPALA weTheku ubambinsene ne-USAIDS wethule umkhankaso obizwa nge-Undetectable= Untransmittable (UU) engqungqutheleni yengculaza esanda kuba seThekwini, okuphinde kwaqwashiswa ngokubhebhetheleka kwegciwane lengculaza muva nje.

Lokhu kulandela ukufinyelela kwesibalo sabantu abalinganiselwa ezi-80 (million) zabantu abanale ligciwane, okukholakala ukuthi libhebhezeleke ngesikhathi seCovid-19, nayo edlule nemiphefumulo yabantu abaningi.

Ukudla imishanguzo ngendlela efanele kulehlise kakhulu izinga legciwane kanti ukuyiyeka yikona osekukhuphule isibalo sabanalo njengoba selibuya ngamandla nokunomthelela wokungalapheki kwalo, okuthatha imiphefumulo ngokungenasidingo.

Kugqanyiswe kakhulu ukungabandlululwa kwabantu abathatha imishanguzo yokuthiba le ligciwane, nokugqugquzela ukuthathwa kwayo ngoba sekube nomthelela wokungatheleleki kwezingane ezizalwa ngomunye




IMEYA uMxolisi Kaunda uhambe namashoshozela agqamisa ukuvikelwa kwabaneciwane nokubaluleka kokuqhubeka nokuthathwa kwemishanguzo.

wabanegciwane.

Uma oyedwa kwabathandanayo enegciwane omunye engenalo, makhulu amathuba okungatheleleki kwengane, kodwa futhi akungayekwa ukusetshenziswa kwejazi lomkhwenyana kanjalo nesivimba kutheleleka esibizwa ngePrepfa esetshenziswa kakhulu ngabesifazane.

UMeya weTheku uMxolinsi Kauandwingcua ugxeke abesilisa nabesifazane abanomkhuba wokulala nezingane ezincane bengawagqokile ama-condom, baziwake ngokuzinika imali kanjalo nezimoto zabo.

Uthe lokhu kufana nse necala lokubulala ngoba lezo zingane zizobona kuynto enhle ukungazivikeli ekutholeni igciwane bese kwandisa izibalo zabantu abasha abafsa kungenasidingo, okuzoba nomthelela wokuphela kwabaholi bakusasa.

“Sifuna ukufinyelela onyakeni ka-2030 onesibalo esehlile noma ongenabo abantu abanegciwane lengculaza, lokhu kuzokwenzeka kuphela ngokubuyela emkhubeni wokuthathwa kwemishanguzo, ukuwenza ucansi oluvikelekie noma ukuzithiba kulabo abangakakulungeli ukuya ocansini.

“Ukwethmbeka kumlingani, ukungayi ocansini, ukuzivikela kanjalo nokudla imishanguzo ukucindezela amandla egciwane kosenalo, yikona kuphela okuzokwehlisa izibalo zokutheleleka kwabantu,’ kusho uKaunda.

Uqhubeke ngokunxusa nalabo abathandana ngokobulili obufanayo ngokuthi konke abakwenzayo ekuzijabuliseni kwabo mababeke ukuphepha nokuzivikela phambili futhi basondelane nemitholampilo ukuze bathole ukusizakala kusenethuba lokwelapheka.

Uthe izibalo aziqambi manga ukuthi uma udla amaphilisi, liyadamba igciwane futhi ligcina lingasenamandla okuthi lidlulele kongenalo.

Ukwehla kwamandla alo kusiza ekungathelelekeni kwabangenalo lanjalo nokuzalwa kwezingane ezingenalo kwasanhlobo.

Uma kwenzekile zatheleleka izingane isikhona imizamo yokuzisiza kusenesikhathi. Akuselona ihlazo ukuthatha imishanguzo ngakho-ke abantu mabakhuthale, nalabo abakhuluma kabi ngasebenalo, mabawuyeke lowo mkhuba.





# Umlazi Mega City Announces R80,000 Support for Local Students' Tertiary Education

Umlazi, June 7, 2023 – Umlazi Mega City, the premier shopping destination in Umlazi, is proud to announce its commitment to supporting students in their pursuit of tertiary education.

As part of our ongoing corporate social responsibility initiatives, we are donating a sum of R80,000 in resources to empower these deserving students and contribute to their educational success.

Recognizing the importance of education as a catalyst for social and economic development, Umlazi Mega City has taken a proactive approach in addressing the challenges faced by young learners.

With this significant contribution, we aim to alleviate some of the financial burdens that often hinder their educational opportunities and empower them to pursue their dreams.

The R80,000 donation will be utilized to provide essential educational resources, including textbooks, school supplies, and laptops, which are crucial for students to excel academically and feel confident in their educational journey.

By providing these resources, Umlazi Mega City hopes to create an environment where every student can thrive and reach their full potential, irrespective of their socio-economic backgrounds.

Speaking about this initiative, Mrs. Thembalihle Ngcobo, the Marketing Manager of Umlazi Mega City, expressed her enthusiasm, saying, "We firmly believe that education is a fundamental right for every child, and no student should be held back due to financial constraints.

“Our support aims to empower underprivileged students and enable them to overcome obstacles, unlock their potential, and shape their future."

Umlazi Mega City remains committed to making a positive and lasting impact in the community.

This donation to learners represents just one aspect of our ongoing efforts to support education and uplift the local community. We strive to create an inclusive society that fosters opportunities, and we encourage other businesses and organizations to join us in making a difference.




# Bekusindwe ngobethole kwabezeNkolo



OProf Laba be St Paul bible institute



Umphathi weskole soLwazi DC Nxumalo nomfana kayak Tap Makhathini



Prof M W Shangase ubethatha iziqu ze Professorship in Theology Divinity and Ministry



DR Tap Tap Makhathini no Sugarboy Malinga



Bekukuhle kudelile kanje emcimbini wokuthweswa kweziqu St Paul Bible School eMlazi muva nje

## Kuhlonishwe nabezemidlalo

**Nash Ngcobo**

USOLWAZI Welcome Shangase weSt Paul Bible Institute uhlonishwe ngeziqu zeProfessorship In Theology Divinity And Ministry.

Ezinye izingcithabuchopho ebezihlonishwa kulo mcimbi ngoDokotela uWilson Sosibo ohlonishwe kwezomculo nguChancellor uSolwazi Mpofana ongumphathi walesi sikole.

Abanye nguDkt Mzwakhe Mkhize ohloinishwe kwiCommunity Development And Administration, ingababehlonishwa ngezikhathi zabo.

Bobabili uMalinga noMakhathini bahlonishwe ngezobudokotela kwiCommunity Development And Administration. Muva nje sebengabagqugquzeli bezimpi zesibhakela lapha KwaZulu-Natali ngaphansi kweBoxing South Africa.

Omunye nguDokotela NT Nxumalo nomyeni wakhe uSolwazi DC Nxumalo ongumsunguli weSt Paul Bible Institute nabo abahlonishwe kuwo umkhakha weCommunity Development And Administration.

Izindaba ezimnandi ngezokuhlonishwa kwabadlali ababamba elikhulu iqhaza kunobhutshuzwayo waseNingizimu Afrika begxile KwaZulu-Natal naseGauteng, abazohlonishwa ngo-Okthoba yiso lesi sikhungo.

Labo ngoMlungisi “Professor” Ngiubane wodumo lo-Umlazi G Bomshel,AmaZulu FC neBush Bucks kuvale uPatson” Sparks” Banda owayibamba kwi-Orlando Pirates iminyaka eminingi.

Amanye amaqembu awadlalela uBanda yi-African Wanderers, Moroka Swallows Limited neQwa Qwa Stars.



UNELISIZWE Sikhosana ophahlwe ngozakwabo abaqokwe naye kwiGospel Icon Discovery uSindi Ngidi okwesokunxele noNeliswa Dlamini okwesokudla.

# Kuhlabene owaKwaMashu koweGospel Icon Discovery

**Nash Ngcobo**

ILOKISHI laKwaMashu elidume ngokukhiqiza abadlali namaciko anhlobonhlobo kwezikaqedisizungu, liphinde lazibeka ebalazweni laseThekwini ngenkathi uNelisizwe Sikhosansa wakule ndawo eba ngumpetha weGospel Icon Discovery ka-2023.

Lo mncintiswano waminyaka yonke oxhaswe wuMasipala weTheku ngenhloso yokuvundulula amakhono kwezomculo ikakhulukazi kowokholo, ubungenelwe ngabaculi abaqhamuka kuzo zonke izindawo ezingaphansi kwale lidolobha.

Lo mculi okhale wemuka nesamba sikaR50 000 wehluleke ngisho wukuzibamba ngendlela akhombise ngayo injabulo kanti lokhu kumbeke ezinhlelweni zokuthungatha isitebela azoqopha kusona umculo wakhe wezokholo.

Isibili sithathwe sithathwe nguSindi Ngidi waseMolweni ohlabane ngoR20 000 kwathi isithathu kwaba nguNeliswa Dlamini ithole umthobanhliziyo kaR10 000.

Zombili lezi zindawo iHammarsdale neMolweni seziqalile ukuzakhela ugazi ngokukhiqiza abantu abavelele



ISIHLABANI seGospel Icon Discovery sika-2023 uNelisizwe Sikhosana

kwezikaqedisizungu nokubukeka kusazoqhubeka kwenzeke.

UDkt Simphiwe Ndlovu oyiNhloko yoMnyango wezamaPaki, ezokuNgcebeleka namaSiko kuMasipala weTheku uthe bajabule kakhulu ngokuqhubeka kwalo mncintiswano osuqede iminyaka eyi-10 ukhona.

"Lilokhu limangaze njalo ithalente elibonakala entsheni yakule lidolobha, elandela ezithendeni zabantu abanjeNomcebo Zikode, uThembisile Ntaka, uNomzamo Mbatha, uSgwili Zuma, uNtokozo Mbambo ukubala abambalwa.

"Okuhle ngalo mncintiswano uvulelekele kubaculi besilisa nabesifazane kanti unikeza lonke uhlobo lomuntu ithuba. Usemkhulu umsebenzi wokugqamisa amathalente abo kanjalo nokunikeza abanye amathuba ngezindlela ezahlukene," kusho uDkt Ndlovu.

UNelisizwe uzwakalise okukhulu ukubonga kumasipala ngaleli thuba elimangazayo abanikeze lona kanti ukunqoba akumngabazisi ukuthi kuzobeka umculo wakhe ezingeni elithe thuthu kunalokhu eliyikona.

Uthe lo luhambo olude lokuhlungelwa kwamakhono abo belungelula neze, beludinga ukubekezela kanti usizwe kakhulu wukuzimisela zisasuka nje obekulekelelwa wukuzethemba ngekhono lakhe.

Ukhuthaze nozakwabo abangene isibili nesithathu ngokuzijwayeza imincintiswano yalo luhlobo ngoba nakubona sekusemome ukuhlabana njengaye.

Akabashiyanga ngaphandle nalabo abebengenele kodwa bangaphumelela, uthe mabahlabele phambili bangadikibali luselude ukhalo njengoba indlela ebheke empumelelweni ilokhu iqhubekile nokuba yinde.

# Durban Tourism Business Awards

Businesses that won took home development prizes and cash cheques of up to R100 000. The runners-up also received consolation prizes such as laptops and other business development equipment.



There were tears of joy, while some jumped in excitement when their names were called as winners of the 2nd annual Durban Tourism Business Awards.






# AseThekwini amaSatma Awards 2023

***(Angenelwa ezigabeni ezintathu)***

**Nash Ngcobo**

IMIKLOMELO yaminyaka yonke yomculo womdabu obizwa ngeSouth African Traditional Music Awards 2023 (Satma), umcibi walo nyaka wayo uzokwenzelwa e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre eThekwini.

Usuku lwalo mcimbi okungewe-18 futhi okhula unyaka nonyaka, luzomenyezelwa kulowo ozokuphakanyiswa kuwo amagama abaculi namaqembu awungele ozoba sePitoli ngoNcwaba (August) nakhona usuku lwakho olungakamenyezelwa.

Le miklomelo eyesekwa wuMnyango kazwelonke wezobuCiko namaSiko, iNhlangano yezokuSakaza eNingizimu Afrika (Sabc) izoba ngaphansi kwengqikithi ethi; My Culture, My Culture, One Nation, izongenelwa ezigabeni ezintathu.

Isigaba sokuqala (i) kuzoba ngese-Best Traditional School/ Group/Artist (ii)Best Tradiional University/Group/Artist (iii) Best Traditional Influential Social Media Page.

Amafomu okungenelwa ngawo labo abazophakanyiswa atholakala ngokungena kwi-website ethi: www.satmaawards.co.za. Akukho sibalo esikuvimba ukuthi ugcine kusona kulabo ofuna uikubaqoka.

Ungathumela nange-email: nominations@satmaawards.co.za kanti uma usuthumela umculi noma iqembu olizwa ekhaleni.

Kungakuhle ubhale umlando wakho noma wabo, isithombe sakho, iziwi lomculo noma iqembu (audio) lalowo omqokile engakadluli uNtulikazi 31 (July).

Ngenxa yesasasa lalo mcimbi walonyaka imingenelo izokwamukelwa noma seludlulile usuku lokugcina okunguJuly 31.

Lokhu kuzokwenzdeka kuzo zontathu lezi zigaba kanjalo neRadio Station kumbe iRecord Label eqophe umculi neqembu.

Ngeminye imininingwane ungxhumana noKeletso Dlamini oyiMedia Liaison ku-0849806691. Ucingo 0870585517. Email: media@satmaawards.co.za

# BT News Classifieds 078 661 3320 • www.btnews.co.za

**BEAUTY THERAPIST**

Looking for nail tech and makeup artist that is driven we are based in Florida Road.
Employment available or Space to rent available @ R4000 a month including lights and water.
Please contact me on 0606132301

**BEAUTY THERAPIST**

Looking for Beauty Therapists who have existing clientele to rent space in Durban North, Glenashley. Experienced in nails (acrylic, gel polish, manicure and pedicures), facials and massage treatments.

Please contact Jenine cell number 0735163520 for more details

**BEAUTY THERAPIST**

Looking for a Nail tech, Hairstylist, Beauty therapist as well as barber.
Person must be skilled in the above and willing to grow with the business
We are based in Windermere please contact 0639423954

**I'm looking for part ime job as therapist, im in Durban near manzimtoti, isiphingo.
I do all waxing
I do massages
Man n pedi
I do gel
Makeup
073 3648805**

**BEAUTY THERAPIST**

That's my work my mobile number is 0784994441 for booking appointments Workshop Durban next to Super Spar (Virgin Active














## isimemo sesikhangiso samahhala kosomabhizinisi

Siyanimema nonke bosomabhizinisi nezinkampani ukuba nifake isandla emncintiswaneni ka Miss uMlazi 2023 ozoba ngoDisemba.

UMiss UMlazi umcintiswano esiwenzela intsha yethu ukuba ingabi uvanzi kodwa kube nento ezobahlanganisa beqhamuka kuma Wadi ahlukene bakwazi ukucobelelana ngolwazi futhi babe nenqubekela phambili.

Uxhaso esilucelayo olwemali nezipho ukwenza umcintiswano wethu ube yimpumelelo. Abaxhasi bethu bazothola isikhangiso samahhala ephephandabeni lethu
siphinde sibenzele ama profile ezinkampani zabo.

Imininingwane Xhumana no: **Thobile Blose kule nombolo: 078 661 3320.**

**Miss uMlazi Brought to you by:**

CTGAL

Thobile Blose
thobileb@btnews.co.za



BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI




# Ezemidlalo



# Alizogqokwa noma wubani ijezi loSuthu

*(Akusolwe mina ngemiphumela)*

**Nash Ngcobo**

UMENGAMELI waMaZulu Football Club uSandile Zungu uzoqinisa imithetho yokuziphatha kwabadlali abazogcina bebenenhlanhla yokusayiniswa yile liqembu elihlobene kakhulu neNdlunkulu kaZulu.

Leli qembu elisungulwe ngo-1932 yiSilo uMphumuzana abanye abambiza ngoSolomon lizoqinisa isandla kubadlali ekuziphatheni kwabadlali enkundleni nangaphandle kwayo njengoba ethi ijezi loSuthu alizogqokwa noma yimuphi umdlali.

UZungu ukhuluma kanje le liqembu selidedele abadlali abayi-11 nabaqeqeshi ababili njengoba ngeledlule limemezele umqeqeshi omusha uPablo Martini Franco odabuka kwelaseSpain, e-Europe okulindeleke afike nolukhulu ugququko.

Lezi zinguquko ezenzeke kule liqembu ngendlela engamgculisanga uma ziqhathaniswa nezesizini yokuqala, uthe akusolwe yena uqobo ngokwephuza ukuthatha izinqumo eziqinile nokucishe kwafaka inqola ehlathini njengoba iqembu lisonge isizini lingaphandle kweTop 8.



USANDILE Zungu usihlalo woSuthu ozoqinisa isandla kule liqembu

Uthi akazithathanga izinqumo ezinqala ukukhalima labo abebanike amandla okuletha izinguquko, yingakho ezoqala ngokubhekisisa uhlobo lwabadlali abazogqoka ijezi lale liqembu.

“Le liqembu ngesizini ezoqala lizoqaala umkhankaso wendlela yokugubha iminyaka eli-100 alfuthi ukunqoba okuzoba semizweni yabo.”

“Ngeke unqobe lutho uma ungumdlali ongazihloniphi, ongaziphethe kahle enkundleni nangaphandle futhi onolimi olulumelayo kozakwabo nasemphakathini.”

“Akukhathaleki ukuthi lowo mdlali ulikhulumisa kangakanani ibhola enkundleni, uma ezokwenza lokhu okungafuneki, izinyawo zizogcwala udaka ngokukhulu ukushesha,” kusho uZungu.

Ulibeke ngembaba elokuthi ukuqamba isikwata esisonge le sizini ngegama elithi Amankentshane, ubelifanisa nebutho leSilo uShaka alinikwa hyinkosi yakwaZungu ukuqinisa nokucija amabutho kulesi

Ukusonga isizini ngaphandle kweTop 8, ukufanise nehlazo elikhulu ezingeni Amankentshane ayekulona kanjalo nomfutho okhonjiswe ngabadlali abafake okokuqala uSuthu kwiCAF Champions League.

Uthe kuphelile emaqenjini amakhulu ukuzixebulele umkhoma ebadlalini boSuthu, abasezukuhamba kalula njengoba kwenzekile, usesebenzela ukwakha inqanawe ezodla  isicoco seligi nezinye ezikhona kwiDstv Premiership nokuzofika umgubho weminyaka eyi-100 ihlonishwa ngazo.

## Sikhuphukile esabesifazane emiklomelweni yeBSAnama

*(Lihamba lodwa iTheku ngemicimbi)*

**Nash Ngcobo**

UNYAKA ka-2023 obizwa ngowabesifazane kwezemidlalo, usufakazelwe wukwanda kwesibalo sabo emiklomelweni yonyaka yeBoxing South Africa ezokuba se-Albert Luthuli Convention Centre (ICC) eThekwini ngoNhlangulana 30 (June).

Lokhu kubonakale ngokuba nonmkhakha womshayisibhakela wesifazane ovelele onyakeni, impi yabesifazane yonyaka nomsakazi weringi wesifazane, okuyimikhakha ebinganikwa thuba kule miklomelo.

Njengokwejwayelekile  kulo mcimbi kuklonyeliswa bonke abantu abakulo mkhakha wezemidlalo ababe namagalelo avelele ngezindlela ezahlukene.

Okufakazela kona ukuthi lonyaka ungowabo kwezemidlalo njengoba belokhu beqhubekile nokwenza kahle.

### Imikhakha okuzoqokwa kuyo kulonyaka imi kanje:

**Umshayisibhakela wesilisa wonyaka**
USivenathi Nontshinga, uJohn Bopape noPhumelele Cafu.

**Umshayisibhakela wesifazane wonyaka**
UBukiwe Nonina, uHedda Wolmarans noSmangele Hadebe.

**Impi yabesilisa yonyaka**
USinethemba Blom vs Kaini Fourie, uBrandon Thysse vs Roarke Knapp kuvale ekaNhlanhla Tyira vs Esneth Domingo.

**Umqhathi wezimpi wonyaka**
ULuyanda Kana, u-Ephraim Simba no-Abbey Mnisi.

**Umqeqeshi wonyaka**
UVusi Mtolo, uBheki Mngomezulu noKhangelani Jack.

**Imenenja yonyaka**
UColleen Mc Ausland, uColin Nathan noCharrit Mukondeleli.

**I-KO yonyaka**
UXolisani Ndongeni vs Apinum Khongsong, UPhumelele Cafuvs uTinashe Majoni, uBongani Mahlangu vs Ayabonga Sonjica.

**Intatheli yonyaka**
UHayden Jones, uMonwabisi Jimlongo noThabiso Mosia.

**Impi yabesifazane yonyaka**
U-Asanda Simelani vs Thapelo Bhokwe, uHedda Wolmarans vs Ruth Chisane, USharadene Fortuin vs Ellen Simwaka, uSmangele Hadebe vs Stumani Muki, uThelma Zuma vs Bathabile Ziqubu.

**Umsakazi weringi wonyaka**
UVusiwe Ngcobo, uShepherd Dyani noSipho Mashego.

**Owesifazane othembisayo**
UDon Juan van Heerden, uKayden Truter noKeanu Koopman.

**Owesilisa othembisayo**
UNomusa Ngema, uThobile Nyanda noSamukeliso Tutsini

**Umgqugquzeli wonyaka**
i-TLP Promotions, uJackie Brice Promotions ne-ESPN Africa Promotions.

**Unompempe wonyaka**
UPumeza Zinakile, uVuyokazi Nkata noRiaa Janse Van Rensburg.